

# Vuk'uzenzele

Niyethulelwa WuPhiko lukaHulumeni Kwezokuxhumana Nokudlulisa Kolwazi (i-GCIS)

English/isiZulu

Ndasa 2023 Ushicilelo 1

## UMongameli umemezele iSimo seNhlekelele

**U**Mongameli u-Cyril Ramaphosa u-memezele ngo-kusemthethweni iSimo seNhlekelele kuZwelone - ngokuphazima kweso - njengendlela yokubheka-na nenkinga kagesi esikhungethe eNingizimu Afrika njengamanje.

Sekube yisikhathi manje, u-Eskom enezingqinamba zokugcina amalambu ekhanya ezinyangeni ezimbalwa ezendlule, lokho okuholele eku-nyukeni kwezigaba zokucishwa kukagesingenhlosoyokuwonga okube nomthelela ongemuhle ezimpilweni zabantu, ezipindleli zabantu zokuziphilisa nakwezamabhizinisi.

NgoLwesine mhla wesi-9 kuNhlolanja 2023, uMongameli umemezele ngeSimo seNhlekelele ngesikhathi ethula iNkulomo yoBunjalo Besimo seZwe eHholo laseKapa.

"Ngesikhathi sezinkinga, sidinga isisombululo ngazwiliyane. Njengoba sisuke sichaza

umsuka wenkinga, sidinga futhi ukuveza umthelela wayo. Inkinga isisabalele ngokujulile yaze yathinta lonke ilunga lomphakathi," kusho uMongameli.

Unezelele ngokuthi uhulumeni kumele enze okuthile ukunciphisa umthelela wale nkinga kubalimi, amabhizi-nisi asafufusa, ingqalasizinda yamanzi, ezokuthutha kanye nezindawo nezikhungo ezithile ezithinta izimpilo zabahlali.

"Ngenxa yazo zonke lezi zinkinga esibhekene nazo, iSikhungo Esengamele iziNhlekelele kuZwelone (i-National Disaster Management Centre) sichaze inkinga kagesi kanye nomthelela wayo njen-ge-hlekelele kazwelone. Ngakho-ke simemezelu ngokusemthethweni iSimo seNhlekelele kuZwelone njengendlela yokubheka-na nenkinga kagesi nomthelela wayo," kusho uMongameli u-Ramaphosa.

Ugcizelele ukuthi ukushoda kukagesi isimo esingesihle neze



UMongameli u-Cyril Ramaphosa ngesikhathi ethula iNkulomo Echaza Isimo Sezwe.

enku lu emnothweni wethu nasenhlalweni yabantu. Kumele senze konke okusemandleni, futhi singachithi isikhathi ukuqalisa lezi zinyathelo," kusho yena.

### Kuzosebenza kanjani

UMongameli uchazile ukuthi ukubeka ngoku-semthethweni kwezwe ngaphansi kwalesi sigaba senhlekelele kuzwelone kuzokwenza ukuthi uhulumeni ekwazi ukuhlinzeka ngezindlela zokusiza amabhizinisi athintekile ngenxa yokucinywa kukagesi ngenhoso yokuwonga.

"Ukubekwa kwe-Simo seNhlekelele KuZwelone kuzosisiza ukuthi sikhazi ukuhlinzeka izindlela ezithile ukuseka amabhizinisi akhiqiza ukudla, ukugcinwa

Iqhube ka ekhasini lesi-2

ngoba izwe ligcina lizithole lidinga uhulumeni ukuthi enze okuthile ngokushesha.

"Izimo ezinzima zidinga uthathe izinyathelo ezinzima. Inkinga kagesi iletha ingcindezi



SONA SPECIAL EDITION

SONA IN NUMBERS

LEAVE NO ONE BEHIND

PRESIDENT CYRIL RAMAPHOSA  
**STATE**  
— of the —  
**NATION**  
**ADDRESS**



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:



Bheka u-SA Government ku-Google playstore noma ku-appstore

UNGASITHINTA LAPHA

f Vuk'uzenzele

@VukuzenzeleNews

Iwebhusayithi: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za) I-imeyili: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)  
[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za) Ucingo: (+27) 12 473 0103

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083

IPHEPHANDABA LAMAHHALA, ALITHENGISWA

**Isuka ekhasini loku-1**

kwako kanye nentengiso yako, kubalwa noku-khishwa kwamajeneretha, amasola nokuhlinzekwa kukagesi okungaphazami-seki," kusho yena.

Uma kwenzeka, uMongameli uthe iSimo seNhlekilele sizovumela izwe ukuthi ungacinywa ugesi ngenhlosi yokuwonga kwingalingqalasizinda ezibucayi njengezibhedlela kanye nezizinda zezihlanzimanzi.

"Kuzosivumela ukuthi sisheshise imiklamo kagesi futhi sinciphise imithetho yokulawula ngesikhathi sigcina ukuvikeleka kwezemvelo kanye nezindlela zokuqhube umsebenzi ngokufanele," kusho yena.

UMongameli u-Ramaphosa uqinisekise umphakathi ukuthi izindleko eziphathelene n e S i m o s e N h l e - kelele kuZweloneke zizoqashelwa ngesi lokhozi ihovisi loMcwaningimabuku-Jikelele ukulwisana nokuxhashazwa kwanoma yiziphi izimali eziqondene nenkinga kagesi.

Okunye, uNgqongqoshe Wezogesi eHhovisi lika-Mongameli kulindeleke ukuthi aqokwe ukuze ezoxgila kuphela ekuhlonzweni kwezindlela zokukhipha izwe kule nkinga ekhona kagesi.

"Ngizoqoka uNgqongqoshe Wezogesi eHhovisi lika-Mongameli ozoqala umsebenzi wokwengamela zonke izisombululo

zenkinga kagesi, kubalwa nomsebenzi Wekomidi likaZweloneke eLibhekelele Inkinga Kagesi," kusho uMongameli.

Unezelele ngokuthi uNgqongqoshe uzosebenza ngokuphelele aphinde abambisane nebodi nabaphathi bakwa-Eskom ukuqedu ukucinywa kugesi ngenhlosi yokuwonga nokuqinisekisa ukuthi Uhlelo Lokusebenza Lwezamandla luqualiswa ukusebenza ngaphandle kokuchitha isikhathi.

UMongameli uphinde wathi uMnyango ka-Mgcinimafa kuZweloneke usemaphetelweni okuthola isisombululo sokuqedu umthwalo osemahlombe wesikweletu sika-Eskom esiyizigididi

ezingama-400 zamarandi ngendlela ezovuna iphinde ihambisane nabo bonke esibambisene nabo, okuzosiza le mboni kagesi ukuthi iqhamuke nezindlela ezingekayo zotshalomali ekunakekelweni naseku-thunyelweni kukagesi.

"Uhulumeni uzoseka u-Eskom ukuthola olunye uhasomali lokuthenga udizili kuze kuphele unyaka wezimali. Lokhu kumele kwehlise ubunzima bokucinywa kukagesi ngenhlosi yokuwonga njengoba u-Eskom ezokwazi ukusebenzia iziphehlimandla ezisebenza ngodizili uma uhlelokusebenza lokuhlinzekwa kukagesi lungaphansi kwengcindezi," ubeke kanjalo.

U-Eskom wethule uhlelo

lokuthengwa kwamandla kagesi osele ezinkampanini ezikhqiza ugesi ezizimele futhi usekwazile ukuthenga umthamo olinganiselwa kuma-300 MW emazweni angomakhelwane.

Okunye, uMongameli uphinde wathi Uphiko Lwamaphoyisa aseNingizimu Afrika lusungule ithimba elizimisele elinobuholi obuphezulu ukubhekana nenkohlakalo nokweba okubelesele eziteshini zikagesi eziningi okube nomthelela ongemuhle wokusebenza ngendlela engagculisi kweziteshi. **V**

– **SAnews.gov.za**

# SA beefs up protection for whistleblowers

**P**resident Cyril Ramaphosa says government is working on mechanisms to improve protection for those who blow the whistle on corruption.

"We are working to capacitate the Witness Protection Unit and will introduce amendments to the Protected Disclosures Act and Witness Protection Act to strengthen protection for whistleblowers," he said during the State of the Nation Address (SoNA).

President Ramaphosa said work is already underway to improve access to the witness protection programme for public servants who expose maladministration, corrup-



tion and unethical conduct.

"We will finalise the draft Public Procurement Bill to address weaknesses identified by the State Capture

Commission and improve efficiency, value for money and transparency. Our reinvigorated law enforcement agencies are taking firm

action against companies and individuals alleged to have been involved in state capture," President Ramaphosa said.

President Ramaphosa said the National Prosecuting Authority (NPA) Investigating Directorate, established in 2019, has taken 187 accused persons to court in 32 State capture and corruption cases.

"Over R7 billion has so far been returned to the State from State capture cases. To date, R12.9 billion of funds and assets have been frozen. This year, the Investigating Directorate will be established as a permanent entity within the NPA," he said.

These efforts are in line with

the President's appointment of the National Anti-Corruption Advisory Council in August 2022. The Council consists of people from across society who advise on suitable mechanisms to stem corruption, including an overhaul of the institutional architecture for combatting corruption.

President Ramaphosa said for the country to achieve any progress in addressing the urgent challenges it faces, there can be no compromise in building a capable and effective state. **V** – **SAnews.gov.za**

## Did you know?

You can report corruption to the Special Investigating Unit by calling **080 003 7774** or contact the National Anti-Corruption Hotline on **0800 701 701**



government  
communications

Department:  
Government Communication and Information System  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Tel: 012 473 0353

Email: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

### Head of Editorial and Production

Regomoditswe Mavimbela  
[Regomoditswe@gcis.gov.za](mailto:Regomoditswe@gcis.gov.za)

### Acting Editor-in-Chief

Zanele Mgadi | [Zanelemgadi@gcis.gov.za](mailto:Zanelemgadi@gcis.gov.za)

### Managing Editor

Tshepo Nkosi | [Tshepon@gcis.gov.za](mailto:Tshepon@gcis.gov.za)

### News Editor

Noluthando Motswai

### Writers:

More Matshediso

### Graphic Designers

Tendai Gonese | Benny Kubjana

### Production Assistants

Jauhara Khan | Sebastian Palmer

### Language Practitioners

Nomgcibelo Motha | Boitumelo Phalatse  
Thandolunye Khulu | Mahanyele Ramapala

**Vuk'uzenzele**  
is published by Government Communications (GCIS)

Distributed by:  
**ON THE DOT**

Printed by:  
**RISING SUN PRINTERS**  
For Government Services

The material in this publication may be reproduced, distributed, or transmitted in any form or by any means, including photocopying, recording, or other electronic or mechanical methods, without the prior permission of the publisher on condition that this publication shall be credited as the source.



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE  
SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA  
U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTHA  
FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

**SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO**  
SIHAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



# Sisebenzela ukuthi sibe nogesi ongamanani aphansi

**I**simemezelo sakamuva sokunyuka kwamanani kagesi sifike ngesikhathi esinzima kakhulu kubahlali nakwezamabhizinisi ngokufana, njengoba bavele babhekene nezindleko eziphezulu zikaphethiloli, ukudla nezinye izidingo ezibalulekile.

Kungenxa yalokhu ukuthi kamuva-nje ngenza isicelo kwibhodi lakwa-Eskom ukuthi licabange izinyathelo ezingasiza ukunciphisa ukunyuka komthelela wama-18.65% kusukela ngesikhathi sokuqaliswa kwakho.

Inani elisha lagunyazwa Abalawuli Bakazwelone Bezamandla eNingizimu Afrika (i-NERSA) kulandela inqubo ebekiwe, kubalwa ukuxoxisana okubanzi nomphakathi. Kubalulekile ukuthi siqinisekise indlela yokusebenza ezimele ye-NERSA nokubaluleka kokulandela imigudu esemthethweni yokunyuswa kwamanani.

Amanani abonisa izindleko zokukhiqizwa kukagesi abalulekile ukusimamisa ezezimali ku-Eskom nokuthi le nkampani ikwazi ukubekana nezikweletu zayo kanye nokunakekela izinsiza ezidengekayo ukuqedu ukucinywa kukagesi ngenhoso yokuwonga.

Nakuba kunokungabaza okuncane ekutheni ukukhuphula inani likagesi manje, ngalesi sikhathi esinzima, kuzokwengeza ezinkingeni ezibhekene neNingizimu Afrika. Ukukhuphuka kwa-



manani okudla namanani kagesi kubhebhethekisa izindleko zokuphila emhlabeni jikelele, futhi abaswele yibo abashayeka kakhulu. ENingizimu Afrika, amanani okudla akhuphuke ngesilinganiso esingu-12% ngonyaka odlule.

Lena inkinga esibhekene nayo: kumele senze isiqiniseko sokuthi u-Eskom unezinsizakusebenza azidingayo ukuxazulula inkinga kagesi ngenkathi sivikela abahlali baseNingizimu Afrika ukuthi bengathinteki ngokunyuka kwamanani.

Ayiko impendulo elula kule nkinga. Yingako bonke esibambisene nabo, kubandakanya uhulumeni, u-Eskom, amabhizinisi, eza-basebenzi nemiphakathi, kumele sisebenze ngokubambisana ukunqoba lesismo esinzima. Ngaso sonke isikhathi, kufanele siholwe izidingongqangi zabahlali baseNingizimu Afrika, ika-khulukazi labo abadla imbuya ngothi, manje nasesikhathini esizayo. Kumele siqaphele ukuthatha izinqumo zesikhashana ezingadala ukuthi sizisole ngazo eminyakeni ezayo.

Njengohulu meni sizoqhubeka nokuqalisa imithetho nezinyathelo zokunciphisa ubunzimo obukhungethe izakhamuzi ezibuthakathaka. Kusukela ngezikathi zokuqala zentando yeningi labantu saqalisa ukusebenza komthetho wamanzi amahala nogesi emindenini eswele. Ukutholwa kogesi wamahhala, uma kuqaliswe kahle komasipala, kumele kuvikele amakhaya abaswele angathinteki uma kunyuka amanani kagesi. Sizohlale sizibophezele kulo mthetho.

Ezinye izinhlelo zokukhulisa uxhaso lwezenhlalo kubalwa ukuhlinzekwa kwezempirozamahhala, ukuthi abafundi abaphuma emakhaya aswele bangakhokhi imali yesikole, uhlelo lokudla ezikoleni olweseke abafundi abangaphezu kwezigidi eziyisishiyagalolunye ezweni lonke, kanye nokuhlinzekwa ngemfundephakeme yamahhala kubafundi abaphuma emindenini eswele. Ukungafaki intelamikhiqizweni yokudla okuyisidingongqangi sokupheka emakhaya ayizigidi ngezigidu. Zonke lezi zinyathelo zihlinzekwa 'uxhaso lwezenhlalo' olusize ukukhoselisa amakhaya antulayo kwimithelela engemihle yokunyuka kwamanani. Uhulumeni ucabanga ezinye izindlela zokubekana nokunyuka kwamanani kagesi. Lokhu kubala izinyathelo ezifana nokusiza amakhaya nosomabhizinisi abasafufusa ukuthi bafake-lwe amasola kanye nezinye izinsiza ezonga ugesi, ukuseka amakhaya ngamlambu agcwaliswa ngogesi, nokusebenzisana nabafundi ukuthi bakwazi ukuhubeka

Isilinganiso somholo omncane kuzwelone, esethulwa ngowezi-2019, senze ngcono imiholo yabasebenzi abanigi, ikakhulukazi abasebenzi basemaplazini, abasebenzi basezindlini kanye nalabo abasebenza imisebenzi engatheni.

Eminye imizamo uhulumeni aseka ngayo umphakathi ongenalutho olutheni ngo-kunyuka kwamanani kuhambisana nemithetho yokuncintisana. Ngesikhathi sobhubhane, iKhomishana Yezokuncintisana yasebenzisa amandla ayo ukwehlsa amanani okuhlolela i-COVID-19 kanti labo abahlinzekwa ngemikhqizo abatholwa benecala lokunyusa amanani ezimfonyo bahlawuliswa.

iKhomishana Yezokuncintisana ihlolisisa amanani okudla, futhi kamuva-nje ithole ukuthi abathengi babhekene 'nokunyuka mawala' kwamanani amafutha, okuyisidingongqangi sokupheka emakhaya ayizigidi ngezigidu.

Zonke lezi zinyathelo zihlinzekwa 'uxhaso lwezenhlalo' olusize ukukhoselisa amakhaya antulayo kwimithelela engemihle yokunyuka kwamanani. Uhulumeni ucabanga ezinye izindlela zokubekana nokunyuka kwamanani kagesi. Lokhu kubala izinyathelo ezifana nokusiza amakhaya nosomabhizinisi abasafufusa ukuthi bafake-lwe amasola kanye nezinye izinsiza ezonga ugesi, ukuseka amakhaya ngamlambu agcwaliswa ngogesi, nokusebenzisana nabafundi ukuthi bakwazi ukuhubeka

nezifundo zabo ezibaphuthe ngesikhathi bephazanyiswe ugesi. Kumele sikhazi ukhlinzekwa ngolunye ulwazi kulezi zinhlelo kanye nezinye emavikini azayo.

Njengoba sisebenza ngo-kubambisana ukunqoba le nkinga kagesi, ngicela bonke abahlali baseNingizimu Afrika ukuthi bakhokhele ugesi abawusebenzisayo. Singakwazi ukwenza kangcono nokwengeza ukuhlinzekwa kukagesi kanye nezinye izidongongqangi uma uhulumeni nomasipala ikakhulukazi benazo izindlela zokwenza lokho. Ukungakhokhelwa kukagesi nokuxhunywa kukagesi ngokungekho emthethweni kwenza ukhlinzekwa kukagesi kumbe eqolo futhi kungasebenzi ngendlela efanele.

Inkinga yezindleko zokuphila emhlabeni jikelele ichazwe njengethusa kakhulu kwezomnotho, iphinde yabhebhethekiswa nayizigameko zomhlaba ezingaphezu kwamandla ethu.

Njengohulumeni sizoqhubeka nemizamo yethu yoxhaso lwezenhlalo, njengoba sishe-shisa imizamo yethu yoku-buyisa ukuhlinzekwa kukagesi okuthembakele nokuphephile. Sizoqhubeka nokusebenzisana nababambiqaempakathini kanye nezikhungo zikahulumeni ukuthola izindlela ezifanele ezisimeme zokuvikela amakhaya abahlali baseNingizimu Afrika kwimiphumela embi yokunyuka kukagesi kanye nezinye izindleko.